

IziNkonzo

ZamaKristu

ZikaTony Alamo

I-Bulletin yeZizwe Zonke

IJERUSALEMA ELISHA Amabandla Emhlabeni Wonke

UMfundisi Tony Alamo

Isizwe SamaKristu Sakwa-Alamo

IVolumu 16100



UMfundisi Alamo

# Ungaluthathi uPhawu IweSilo ngoba Uyozisola Ingunaphakade

Ibhalwe ngu Tony Alamo

Esahlukweni sama-24 NgokukaMathewu, abafundi bakaJESU baMbuza ukuthi kuyofika nini ukuphela komhlaba nokuthi kuyokuba yini isibonakaliso sokubuya KWAKHE emhlabeni (NgokukaMathewu 24:3). Umyalelo nesibonakaliso esibaluleke kunazonke sokubuyela KWAKHE emhlabeni ukwexwaya abaprofethi bamanga, nokuqaphela abaqambi-manga. Lesisibonakaliso sibalulekile kakhulu ngalendlela yokuthi uJESU wasisho kuqala kunazonke (NgokukaMathewu 24:4). Wathi, “Qaphelani ningadukiswa muntu. Ngokuba kuyakuza abaningi ngegama LAMI, bathi, Mina nginguKRISTU; badukise abaningi” (NgokukaMathewu 24:4-5).

UMphikukristu uyakuthi unguKRISTU, adukise abaningi.<sup>1</sup> UJESU uxwayisa ngalokhu izikhathi ezinh-

lanu encwadini yaNgokukaMathewu isahluko 24 sisodwa, ngoba uSathane ungumkhohlisi futhi ukhohlisa umhlaba wonke.<sup>2</sup> UJESU wabe ebatshela ngezimpi namahemuhemu ezimpi, ngezizwe eziyovukela isizwe, nombuso uvukele umbuso, kube khona indlala, izifo nokuzamazama komhlaba izindawo ngezindawo. (NgokukaMathewu 24:6-8).

“Lapho-ke [umbuso womhlaba okhohlakele, oyobe ungowesine nowokugcina<sup>3</sup>] bayakunikhaphela osizini, banibulale [bethi benza inkonzo kaNKULUNKULU ngokubulala AMAKRISTU azelwe kabusha<sup>4</sup>]: niyakuzondwa yizizwe zonke ngenxa yegama LAMI. [Igama likaJESU YIZWI likaNKULUNKULU<sup>5</sup>—futhi niyakuzondwa ngokushumayela IZWI LAKHE.] Khona-ke [ngenxa yenh-

lupho eyesabekayo] abaningi bayakukhubeka, bakhaphelane, bazon-dane” (NgokukaMathewu 24:9-10).

“Kuyakuvela abaprofethi baman-ga abaningi, badukise abaningi” (NgokukaMathewu 24:11). UJESU, ngokwesibili, uxwayisa ngabaprofethi bamanga. Ivesi le-12 lithi ngenxa yokwanda kokubi emhlabeni “kuzakuphola uthando lwabaningi.” Evesini le-13, uJESU uthembisa labo kithina abayokhuthazela kuze kube sekupheleni, ukuthi labo bayakusindiswa. Kodwa abasindisiwe abaningi angeke bakhuthazele, ngakho-ke angeke basindiswe.<sup>6</sup> Bayokuwa. “Lelivangeli lombuso liyakushunyayelwa ezweni lonke, kube ngubufakazi ezizweni zonke, andukuba kufike ukuphela. Ngakho-ke nxa nibona amanyala encithaka-

(Kuyaqhubeka ekhasini 2)

1 Dan. 11:21-45, 2 Thes. 2:3-4, IsAmb. isahl. 13 2 Gen. 3:1-6, Math. 24:4-5, 11, 23-27, Joh. 8:44, 2 Kor. 11:13-15, 2 Thes. 2:3-12, 2:9, 12:9, isahl. 13, 16:13-14, 17:8, 18:23, 19:19-21, 20:1-3, 7-8 3 Dan. 2:40, 7:19-25, 8:16-26, IsAmb. 13:1-8, isahl. 17 4 Joh. 16:2 5 Joh. 1:1, 14, IsAmb. 19:13 6 Hez. 33:12-13, Math. 5:13, 12:43-45, 24:45-51, Luk. 9:62, Joh. 15:6, Rom. 11:22, Kol. 1:21-23, 2 Thes. 2:3, 1 Thim. 1:19, 2 Thim. 2:12, Heb. 3:6-19, 4:1-11, 6:4-8, 10:25-31, 38-39, 2 Petr. 2:20-22, 1 Joh. 3:6-10, 2 Joh. 9, Juda 5-6, 2:4-5, 3:2-3

## Ungaluthathi uPhawu lweSilo ngob Uyozisola Ingunaphakade

(Kuyaqhubeka kususelwa ekhasini 1)

lo ashiwo nguDanilyeli umprofethi, emi endaweni engcwele [kuchaza ukuhlala kuMOYA ugcine imiyalelo yeNKO-SI<sup>7</sup>] (NgokukaMathewu 24:14-15).

“Ngokuba lapho kuyakuba khona usizi olukhulu, olungazange lube khona kwasekuqaleni kwezwe kuze kube manje, qha, nolungasayikuba khona. Uma lezozinsuku zingafinyezwanga, bekungesindiswe muntu; kepha ngenxa yabakhethiweyo lezozinsuku ziyakufinyezwa. Khona uma umuntu ethi kini: “Bhekani, nangu uKristu, noma: Nanguya, ningakholwa” (NgokukaMathewu 24:21-23).

UJESU uyaphinda, ukhuluma

ngoKristu bamanga nabaprofethi bamanga. Ngenxa yokuthi uma nibakholwa, ingunaphakade lenu niyolichithela esiHogweni eChibini loMlilo.<sup>8</sup> Labaprofethi basemhlabeni (aba-secular, abangaholwa yiNkosi) balohulumeni wamanga futhi onobusathane bayonitshela ukuthi uma nithatha uphawu lwesilo, bayokunikhulula ejele, noma ngabe ninezigwebo ezinde zasejele. Bayoninika imisebenzi kahulumeni, eyonikhulula ekukhokheni intela eningi. Angeke nibe nenkinga yokuthola ukudla noma ukukhokha izikweletu—vele uguqele iSilo (imithetho kahulumeni womhlaba). Thathani uphawu lwakhe, niyobe seniphepha. Niyokwazi ukuthenga nokudayisa; kodwa khumbulani, uma niluthatha uphawu, niyobe nimthukile UMOYA ONGCWELE, futhi lesisono esibi kangaka asinakuthethelelwa.<sup>9</sup>

“Ngakho-ke uma bethi kini: Bhekani, Usehlane; ningaphumi; noma bethi: ‘Bhekani, Usendlini; ningakholwa’” (NgokukaMathewu 24:26). Nalapha futhi uJESU usixwayisa sonke ngabaprofethi bamanga. Ngenxa yezimangaliso zokuzenzela, bayodukisa nabakhethiweyo uqobo.<sup>10</sup> UJESU uyasitshela ukuthi siyokwazi kanjani uma sekuNGUYE ngempela: “Ngokuba njengonyazi luphuma empumalanga, lubonakale kuze kube sentshonalanga; kuyakuba njalo ukufika kweNDODANA yoMUNTU” (NgokukaMathewu 24:27). “Nomphe lapho kukhona isidumbu, kulapho amaqe eyakubuthana khona. [Ukhozi ludla okuzifele, njengenqe. Uma ibandla libhujiswa inkolozemanga (i-propaganda), uSathane uyokuba lapho. USathane wuye okwenzayo lokhu, bese abantu basenkonzweni bekukholwa lokho.]

7 Hez. 11:19-20, 36:26-27, Joh. 3:4, Rom. 8:1-14, Gal. 5:16-18, 25 & 2 Petr. 2:1-3, 1 Joh. 4:1, IsAmb. 19:20, 20:10-15, 21:8 & 9 Math. 12:31-32, IsAmb. 14:9-11, 20:4 & 10 Mark. 13:22, 2 Thes. 2:8-10, IsAmb. 13:11-15, 16:12-14, 19:20

## Izincwadi eziya kuMfundisi Alamo

### E-New York

Mfundisi Womhlaba Alamo othandekayo

Ngelamele ikhophi yencwadi yakho yezindaba yase ingishaya umxhwele. Igama elithi, “Lunatic” (Abantu abaphazamisekile emqondweni) elibhalwe ngamagama agqamile langikhanga. Izithombe zikaHitler, u-Obama kanye noPhapha zangishaya ngaphakathi! Ngiyayibona lemikhovu emunca igazi kubantu ebusuku (vampires) imunca igazi kubantu abangenakuzisiza futhi abangenalwazi. Bakhohliwe nguNkulunkulu wethu kanye nomsebenzi omuhle Asewenzile futhi bazokhokha!!!

Angiyiqabuki lenhlobo yabantu; empeleni ngisebenza kanye nayo lemiphefumulo edukile, engikholwa ukuthi ilindele ukufunyanwa.

Emva kokufunda eyodwa nje yezincwadi zakho zezindaba, ngiyakholwa ukuthi ungokhethiweyo ukokhela kanye nokwethula imizwa engaphakathi kwabaningi bethu.

Ngiyacela ngenhlonipho ukuba nami ngifakwe ohlweni lalabo abathunyelwa izincwadi zakho zezindaba. Kuvuselela kamnandi ukuthelwa umfafazo wamazwi eqiniso.

UNKulunkulu akubusise Mfundisi Womhlaba Alamo futhi ngiyabonga ngokuthi ufakazele ukuthi akusimina ngedwa kulomhlaba oqukethe lemibono.

Ozithobayo,

U-Dom Carpentieri

E-Floral Park, NY

### Endiya



UMfu. D.R. Moses umsabalalisi wezincwadi zeVangeli zikaMfundisi Alamo emizaneni yase-Andhra Pradesh, India

Ngiyakuthokozela ukusabalaliswa kwezincwadi zikaMfundisi Alamo ebandleni lethu kanye nakubantu besizwe, labo abathola ihumusho lesiTelugu. Uma kungenzeka, thumela ezinye izincwadi zesiTelugu, ngokuba sonke singabafundisi nentsha.

Ngiyabonga Mfundisi,

Owenu ekumkhonzeni Yena,

Mfu. D.R. Moses, e-Voice of Zion Prayer House  
E-Andhra Pradesh, South India

“Masinyane emva kosizi lwalezozinsuku ilanga liyakufiphazwa, nenyanga ayiyikukhanya, nezinkanyezi ziyakuwa ezulwini, namandla ezulu ayakuzanyazanyiswa: Khona [hayi ngaphambili, kodwa khona—masinyane EMVA kosizi] kuyakubonakala ezulwini isibonakaliso seNDODANA yoMUNTU: besezikhala izizwe zonke zomhlaba, zibone iNDODANA yoMUNTU iza emafwini ezulu, inamandla nenkazi zimulo enkulu. Iyakuthuma izingelosi ZAYO ngokukhala okukhulu kwecilongo, ziqoqe abakhethiweyo BAYO emimoyeni yomine, kusukela emkhawulweni omunye wezulu kuze kube komunye” (Ngokuka-Mathewu 24:28-31).

Manje iNKOSI yatshela uSathane kanye nathi ukuthi umuntu akaphili ngesinkwa sodwa, kodwa ngamaZWI onke aphuma emlonyeni kaNKULUNKULU (Ngokuka-Mathewu 4:4). Ngakho-ke, akumele sivumele iziprofetho zosizi olukhulu NgokukaMathewu isahluko sama-24, Daniyeli isahluko sesi-7, kanye nencwadi yeSambulo ukuba kusithusele ezingalweni zikaSathane, kodwa kumele siphile ngamaZWI kaNKULUNKULU, njengakumaHubo 37: “Ungazikhathazi ngababi, ungabi namhawu ngabenza okungalungile. Ngokuba bayakusikwa masinyane njengotshani, babune njengemithana eluhlaza. Themba kuJEHOVA, wenze okulungileyo; hlala ezweni, uzondle ngokukholeka. Zithokozise ngoJEHOVA, yikhona YENA Ezakukunika okufiswa yinhliziyi yakho. Nikela indlela yakho esandleni sikaJEHOVA, uMethembe; YENA Uzakukwenza. Uzakuhlalukisa ukulunga kwakho njengokukhanya, nokufanele



**IZINKONZO ZAKWA-ALAMO EZIKU-INTANETHI**  
[www.alamoministries.com](http://www.alamoministries.com)

wena njengemini. Thula phambi kukaJEHOVA, ulindele YENA; ungakhathazeki ngonenhlanhla endleleni yakhe, ngomuntu osongoza amacebo amabi. Pheza ukuthukuthela, yeka ulaka, ungakhathazeki; kubanga ukona nje. Ngokuba ababi bazakuchithwa, kepha abalindela uJEHOVA bazakudla ifa lomhlaba. “Kusengumzuzwana, omubi angabe esabakho; kuyakuthi lapho uhlola indawo yakhe, uyakube engasekho. Kepha abathobekileyo bazakulidla ifa lomhlaba, bathokoze ngokuthula okukhulu. Omubi uyamsongela olungileyo ngokubi, amgedlele amazinyo. INKOSI Iyakumhleka, ngokuba Iyabona ukuthi usuku lwakhe luyeza. Ababi bahosha inkemba, bansale umnsalo wabo ukuba bamwise phansi ohluphekileyo nompofu, babulale abandlela ilungile. Inkemba yabo izakungena kweyabo inhliziyi, iminsalo yabo yaphulwe.

“Okuncane anakho olungileyo kungcono kunemfuyo yababi abangingi. Ngokuba izingalo zababi ziyakwaphulwa, kepha uJEHOVA Uyabaphasa abalungileyo. UJEHOVA Uyazazi izinsuku zabaqotho; ifa labo liyakuma kuze kube-phakade. Abayikujabha esikhathini esibi; bayakusutha ezinsukwini zendlala. Ngokuba ababi bayakubhubha; izitha zikaJEHOVA zinjengobuhle bamadlelo: ziyakunyamalala, zinyamalale njengentuthu. Omubi uyatsheleka, angabuyiseli; kepha olungileyo unesihawu, aphane. Ngokuba ababusiweyo BAKHE bazakulidla ifa lomhlaba, kepha abaqalekiswa nguYE bazakuchithwa.

“Izinyathelo zomuntu ziqiniswa nguJEHOVA; Uyayithanda indlela yakhe. Noma ekhubeka, akayikuwa phansi, ngokuba uJEHOVA Uphasa isandla sakhe. Kade ngimusha, manje sengimdala; angizange ngibone olungileyo eshiyiwe nenzalo yakhe iphanza ukudla. Usuku lonke uyahawukela, atsheleke, nenzalo yakhe iyisibusiso. Deda kokubi, wenze okuhle, uyakuhlala kuze kube

phakade. Ngokuba uJEHOVA Uthanda ukulunga, aKabashiyi abangcwele BAKHE; bayalondolozwa kuze kube phakade, kepha inzalo yababi iyachithwa. Abalungileyo bazakudla ifa lomhlaba, bahlale kuwo njalonjalo. Umlomo wolungileyo ushumayela ukuhlakanipha; ulimi lwakhe lukhuluma ukulunga. Umthetho kaNKULUNKULU wakhe usenhliziyweni yakhe; izinyathelo zakhe azisheleli. Omubi uqaphela olungileyo, ufuna ukumbulala. UJEHOVA aKayikumnikela esandleni sakhe; aKayikumlahla lapho ahlulelwa khona.

“Lindela uJEHOVA, ulonde indlela YAKHE; Uzakukuphakamisa, udle ifa lomhlaba, ubukele lapho ababi bechithwa khona. Ngambona omubi oyisidlova ezenabisile njengomuthi oluhlaza ogxilileyo; kwathi lapho umuntu edlula, bheka, wayengasekho; ngamfuna, kepha akabe esafunyanwa. Mbhekisise ongasolekiyo, umbone oqotho; ngokuba umuntu wokuthula, ukugcina kwakhe kuhle. Kepha abaphambukayo bayakubhujiswa bonke; isikhathi sababi siyakunqunywa. Ukusindiswa kwabalungileyo kuvela kuJEHOVA; YENA Uyinqaba yabo esikhathini sokuhlupheka. UJEHOVA Uyabasiza, Abakhulule; Ubakhulula kwababi, Abasindise, ngokuba bayaMethemba”(AmaHubo 37).

Inggikithi yokwazi “injula kaSathane, njengokusho kwabo”, yisilo (uhulumeni womhlaba) kanye nophawu lwesilo (IsAmbulo 2:24). Umuntu owona esazi angeke angene eZulwini.<sup>11</sup> Umuntu othatha uphawu lwesilo nanoma ngabe ngasiphi isizathu angeke angene eZulwini (IsAmbulo 14:9-11). Funda futhi ucwaninge iZWI likaNKULUNKULU.<sup>12</sup> Nakhu ukuphela kwendaba, lapho sekuzwakele konke: “Mesabe uNKULUNKULU, ugcine imiyalo YAKHE” (UmShumayeli 12:13).

(Kuyaqhubeka ekhasini 4)

<sup>11</sup> Math. 12:31-32, Joh. 5:14, 8:11, Heb. 6:4-8, 10:26-31, 2 Petr. 2:20-22, Juda 5-6 <sup>12</sup> Rom. 15:4, 2 Thim. 2:15, 3:14-17

## Ungaluthathi uPhawu lweSilo ngoba Uyozisola Ingunaphakade

(Kuyaqhubeka kususelwa ekhasini 3)

Yamukela iNKOSI uJESU KRISTU ngokusho lomthandazo, uyakusindiswa (IzEnzo 16:31):

NKOSI yami, NKULUNKULU wami, yiba nesihe phezu komphfumulo wami, umoni.<sup>13</sup> Ngiyakholwa ukuthi UJESU KRISTU uyiNDODANA kaNKULUNKULU ophilayo.<sup>14</sup> Ngiyakholwa ukuthi Wafa esiphambanweni futhi wachitha igazi LAKHE eliyigugu ukuze ngithethelelwe zonke izono zami engizenze ngaphambilini.<sup>15</sup> Ngiyakholwa ukuthi UNKULUNKULU wavusa UJESU kwabafuleyo ngamandla KAMOYA OYINGCWELE,<sup>16</sup> nokuthi Uhlezi ngakwesokunene sikaNKULUNKULU ngalomzuzu elalele ukuvuma kwami izono zami kanye nalomthandazo.<sup>17</sup> Ngivula umnyango wenhliziyo yami futhi ngiyakumema ukuthi ungene enhliziyweni yami, NKOSI JESU.<sup>18</sup> Ngihlanze kuzo zonke izono zami ezingcolile

egazini eliyigugu, othe walichitha esikhundleni sami, esiphambanweni eKhalivari.<sup>19</sup> Angeke ungichithe ungilahlele ngaphandle NKOSI JESU. Uzongithethelela izono zami futhi usindise umphefumulo wami. Ngiyazi ngoba IZWI LAKHO, iBhayibheli, lisho njalo.<sup>20</sup> IZWI LAKHO lithi akekho namunye umuntu oyomdiki-la umlahlele ngaphandle futhi lokhu kubandakanya nami.<sup>21</sup> Ngakho-ke ngiyazi ukuthi ungizwile, futhi ngiyazi ukuthi ungiphendulile, futhi ngiyazi ukuthi ngisindisiwe.<sup>22</sup> Futhi Ngiyabonga, NKOSI JESU ukuthi usindise umphefumulo wami, kanti futhi ngizokhombisa ukubonga kwami ngokwenza njengoba ungiyala futhi ngingabe ngisona.<sup>23</sup>

Ngemuva kwensindiso, uJESU wathi kubalulekile ukubhaphathizwa, ngokuphelele emanzini, egameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya OYINGCWELE.<sup>24</sup> Ngenkuthalo fundisisa iBhayibheli, wenze lokho elikushoyo.<sup>25</sup> USimakade ufuna utshele abanye ngensindiso yakho. Ungaba wumuntu ohambisa ivangeli lezincwadi zikaMfundisi uTony Alamo. Sizokuthumelela izincwadi mahhala. Shaya ucingo noma uthumele i-imeyli ukuze uthole

ulwazi oluthe xaxa. Yabelana ngalomyalezo nomunye umuntu.

Uma ufuna umhlaba usindiswe, njen-goba eyala UJESU, ungamphangi uNKULUNKULU okweshumi kwakhe nemini-kelo. UNKULUNKULU wathi, “Ingabe umuntu angaphanga uNKULUNKULU na?” Nokho niyangiphanga. Kepha nina nithi, “Sikuphange kanjani na?” Ngokweshumi nangeminikelo. Niqalekisiwe ngesiqalekiso: ngokuba niyangiphanga, sizwe sonke [nalelizwe lonke]. Ngenisani konke okweshumi [‘okweshumi’— u10% weholo lakho liphelele] enqolobaneni, ukuze kube khona inyama [nokudla okungokomoya] endlini YAMI. [Imiphefumulo iyasindiswa] Futhi ningivivinye ngalokhu, usho uJEHOVA SEBAWOTI, uma mina angeke ngikuvulele amafasitela ezulu, futhi ngithululele izibusiso kuwe, ngendlela yokuthi angeke ubenendawo eyaneleyo ukuzemukela endlini yakho. Mina ngiyokhuza umushwabadi ochithayo ngenxa yakho, futhi ngeke achithe izithelo zomhlabathi wakho; nomvini wakho ngeke waphonsa izithelo zawo ngaphambi kwesikhathi endle, usho uJEHOVA SEBAWOTI. Futhi zonke izizwe ziyokuthi nibusisiwe ngokuba niyakuba yizwe elijabulisayo, usho uJEHOVASEBAWOTI” (Malaki 3: 8-12).

13 AmaH. 51: 5, Rom. 3:10-12, 23 14 Math. 26:63-64, 27:54, Luk. 1: 30-33, Joh. 9:35-37, Rom. 1:3-4 15 IzE. 4:12, 20:28, Rom. 3:25, 1 Joh. 1:7, IsAmb. 5: 9 16 AmaH. 16: 9-10, Math. 28: 5-7, Mark.16: 9, 12, 14, Joh.2:19, 21, 10: 17-18, 11:25, IzE. 2:24, 3:15, Rom. 8:11, 1 Kor. 15: 3-7 17 Luk. 22:69, IzE. 2:25-36, Heb. 10:12-13 18 1 Kor. 3:16, IsAmb.3:20 19 Ef. 2:13-22, Heb. 9:22, 13:12, 20-21, 1 Joh. 1:7, IsAmb. 1:5, 7:14 20 Math. 26:28, IzE2:21, 4:12, Ef. 1:7, Kol 1:14 21 Math. 21:22, Joh. 6:35, 37-40, Rom. 10:13 22 Heb. 11:6 23 Joh.5:14, 8:11, Rom. 6:4, 1 Kor. 15:10, IsAmb.7:14, 22:14 24 Math. 28:18-20, Joh.3:5, IzE. 2:38, 19:3-5 25 Dut. 4:29, 13: 4, 26:16, Josh. 1: 8, 22: 5, 2 Thim. 2:15, 3:14-17, Jak. 1:22-25, IsAmb. 3:18

*Sicela uxhumane nathi ukuze uthole ulwazi olubanzi, noma izincwadi mayelana nezinye izihloko ongazithakasela.*

**Tony Alamo, World Pastor (Umfundisi Wezizwe zonke), Tony Alamo Christian Ministries Worldwide P.O. Box 2948, Hollywood, CA 90078**  
**Inombolo yethu yocingo esebenza amahora angamashumi amabili nane ngosuku, uma udinga ulwazi noma imithandazo:**

**+1 (661) 252-5686 • Fax +1 (661) 252-4362**

**www.alamoministries.com • info@alamoministries.com**

*Izinkonzo ZamaKristu zikaTony Alamo Emhlabeni jikelele, inikeza indawo yokuhlala nakho konke okuyizidingo zempilo kubo bonke abantu, ezindaweni zethu eU.S.; abantu abafuna ngempela ukukhonza uSimakade ngayo yonke inhliziyi yabo, umphefumulo, ingqondo namandla.*

**Izinkonzo zibanjelwa eNew York City njalo ngoLwesibili, ngo 8 P.M. nakwezinye izindawo ebusuku. Sicela ushaye ucingo kulenombolo: +1 (908) 937-5723, ukuthola ulwazi. UKUDLA KUYANIKEZWA NGEMUVA KWENKONZO.**

Cela Incwadi kaMfundisi Alamo, UMesiya, ebonisa isambulo ngoKristu, esitholakala eTestamenteni Elidala, eziprofethweni ezingaphezu kuka-333 Iba isisebenzi ekuvuneni imiphefumulo ngokuba ubengumsabalalisi wezincwadi zikaMfundisi Alamo.

*Zonke izincwadi zethu kanye nemilayezo elalelwayo kutholakala mahhala, nemali yokuposa, ikhokhwa yithi. Uma kukhona ozama ukukukhokhisa imali ngazo ngokungemthetho, shayela lenombolo yocingo +1 (661) 252-5686 (ucingo lukhokhelwa yithi, uma usifonela)*

**LEZI ZINCWADI ZITHWELE UHLELO LWEQINISO LWENSINDISO (Izenzo 4:12).**

**MUSA UKUYILAHLA, DLULISELA KOMUNYE UMUNTU.**

**Kunina enikwamanye amazwe, sinikhuthaza ukuba nihumushe lezincwadi ngolimi lwenu lwendabuko.**

**Uma niphinda niyishicilela, sicela nifake le-copyright kanye ne-registration:**

© Ishicilelwe ngoJuni 2012, 2015 Onke amalungelo agodliwe Mfundisi Womhlaba Tony Alamo © Yabhaliswa ngoJuni 2012, 2015  
ZULU—VOLUME 16100—NEVER TAKE THE MARK OF THE BEAST OR YOU WILL BE ETERNALLY SORRY